REMARKS BY MAYOR CLLR. CYRIL XABA AT THE OFFICIAL OPENING OF UMLAZI G-SECTION CLINIC, 31 OCTOBER 2025

- Mphathi woHlelo
- Ward Councillor
- City Manager and Senior Management
- Abasebenzi bonke boMkhandlu
- Izihambeli zethu
- Umphakathi waseMlazi

Sanibonani

Kuyintokozo enkulu ukuthi namhlanje sibe lapha endaweni yaseMlazi kwa G ku Ward 82 ukuzokwethula umtholampilo esesiwulungisile njengomkhandlu.

Sifisa ukukubeka kucace ukuthi lohulumeni wentando yeningi uyibeke eqhulwini indaba yokuthuthukiswa kwengqalasizinda yezempilo ikakhulukazi imitholampilo.

Primary healthcare centres are crucial in South Africa because they provide the foundation for the country's healthcare system, offering accessible, cost-effective, and preventive care to the majority of the population. They are the first point of contact for most citizens, ensuring equitable access, improving health outcomes through early diagnosis, and acting as the entry point for all other health services. Therefore, strengthening these centres is also vital for building a more resilient health system that can respond to crises and tackle broader health determinants like poverty and inequality

Sifisa ukuthatha lelithuba sinihalalisele Mphakathi waseWadi 82. Emva kokuba sibone isimo esingesihle salomtholampilo, sabe sesithatha isinqumo sokuthi umkhandlu ufake imali engango R15 million yokwakha kabusha lesisikhungo sezempilo.

Lesisinqumo sasithatha ngoba singuhulumeni onakekelayo nothandayo ukuthi abantu baphile bathole nosizo lwezempilo eduze nasemakhya. Siyazike ukuthi balinganiselwa ku-25 000 abantu abasizakala kulomtholampilo

Phambilini, izakhamizi bezithola usizo lwezempilo ehholo lomphakathi kubuye kuphoqe ukuthi bayalelwe kweminye imitholampilo ukuze bathole ukusizakala. Sithike namhlanje ukuhlupheka kuphelile njengoba umkhandlu usuphendulile ekukhaleni kwenu.

Okwamanje lomtholampilo uzosiza umphakathi kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu ngo 07h30 ekuseni kuya ku 16H00 ntambama.

Usizo oluzotholakala kulomtholampilo oluphathelene nalolu:

- Management of minor ailments and acute conditions,
- Chronic disease management
- Treatment and monitoring of conditions such as hypertension and diabetes, HIV/TB services,
- Maternal and child health care,
- Emergency services and the promotion of a healthy lifestyle.

Bakwethu, ngiyathemba ukuthi sonke sesizwile ngohlelo lwe National Health insurance (NHI). Loluhlelo luthi wonke umuntu kufanele akwazi

ukuthola usizo lwezempilo olusezingeni elifanayo, ngaphandle kokubheka ukuthi iphakethe lomuntu liqumbe kangakanani. Loluhlelo luphinde luphoqe ukuthi izikhungo zezempilo zikahulumeni nalezi ezizimele zibe sezingeni elifanayo. Ngakhoke ngaloluhlelo lokuthuthukisa imitholampilo yethu lapha eThekwini, sihlose ukuthi uma seluqala loluhlelo lwe NHI lusifice simi ngomumo.

Bantu bakithi, angikucacise ukuthi lesisakhiwo esomphakathi. Namuhla sizothula lomtholampilo ngokusemthethweni siphinde siwubuyisele ezandleni zenu. Ngiyanixusa ukuthi nibambisane noMasipala niyivikele ngaso sonke isikhathi le clinic. Kungathi uma amanzi engaphumi empompini ebese niyayishisa. Asingavumi ukubuyiselwa emumva abantu abangayithandi inqubekela phambili. Asiqinisekise futhi ukuthi zingabibikho izigebengu ezingena la ngaphakathi zizohlukumeza abasebenzi zibabambe inkunzi ngoba lokhu kuzokwenza ukuthi umtholampilo ungasebenzi ngendlela efanele.

Bakwethu siyazi ukuthi udaba lwamanzi luniphethe kabi kakhulu kulendawo yaseMlazi. Angisho ukuthi uMasipala weseThekwini unezinhlelo ezibambekayo zokwenza ngcono uhlelo lokuphakelwa kwamanzi ezindaweni zethu. Njengamanje siphezu kohlelo lokulungisa

ipayipi elikhulu eliletha amanzi lapha eMlazi nakwezinye izindawo eziseningizimu neTheku. Lomsebenzi esiwenzayo ubiza u-R1 billion njengoba sishintsha ipayipi kasemende sifake elensimbi.

Sengike ngayowuhlola lomsebenzi ngagculiseka ukuthi uqhubeka ngendlela efanele futhi asinakho ukungabaza ukuthi ngasekupheleni konyaka ozayo uzobe usuphelile.

Nodaba lokuhamba kukagesi okungahleliwe sifuna ukukuqeda. Njengamanje amathimba ethu akwagesi agcwele idolobha lonke nalapha eMlazi akhona ashintsha izintambo zikagesi ezindala afake ezintsha.

Lokhu kufanele kusinikeze ithemba lokuthi kancane kancane izinkinga zethu ziyaxazululeka. Njengoba senza lomsebenzi kuzofanele sigade nalabo abacekela phansi ingqalasizinda yethu.

Asingavumi ukuthi kube nabantu abazixhumela amanzi nogesi ngendlela engekho emthethweni emphakathini. Asigade nalabo abahlasela abasebenzi bethu uma bezoletha usizo emphakathini baphucwe nezimoto zomkhandlu.

Konke lokhu sizokwenza uma sibambisene. Uma niyiphathe kahle le clinic nayo yonke ingqalasizinda yomkhandlu sizokwazi ukuqhubeka nokuthuthukisa indawo yaseMlazi.

Ngiyabonga.